




Usuku lwami lokuzalwa!

Le ncwadi ngeka









bookdash.org

Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative volunteers to create new African storybooks that anyone can freely print, translate and distribute. Then we work with partners to give those books to preschool children to own.

To find out more, and to download beautiful, open-licensed, print-ready books, visit bookdash.org.

Usuku lwami lokuzalwa!

(It's my birthday!)

Illustrated by Josie Versfeld

Written by Sinovuyo Mcunukelwa

Designed by Nkosingiphile Mazibuko

Translated by Lungile Mbhele

with the help of the Book Dash participants in Cape Town on 14 October 2023.

ISBN: 978-1-77632-487-3

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence
(<http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/>).

You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use. No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.



USUKU LWAMI LOKUZALWA!

Sinovuyo Mgunukelwa - Josie Versfeld - Nkosingiphile Mazibuko





“Kurukuuuu!
Vuka, Zingisile!
Namuhla usuku lwakho
lokuzalwa!”





Usuku lwami lokuzalwa, kuphinde
kube usuku lwesikole.





“Mama, Mama!
Qagela ukuthi yiluphi lolu suku?”
Kumemeza mina.

Njalo ekuseni ngosuku lwami
lokuzalwa ngiye ngimbuze
kanjalo umama.





“Leli iphalishi lakho losuku
lokuzalwa. Manje-ke, yidla
masinyane, bese ulungela isikole.






Awukwazi ukufika emva
kwesikhathi ngosuku lwakho
lokuzalwa!”





Mmmhhh!
Ngiyalithanda iphalishi
lommbila uma limanzi...








Enkulisa wonke umuntu uyazi
ukuthi usuku lwami lokuzalwa.

Bacula iculo elithi **Umini**
emnandi kuwe bese benginika
amapheshana abhalwe izilokotho
ezinhle zothando.





Sengijahe isidlo sami esikhethekile
esenziwe nguMama.





Sengijahe ukubona nomzala wami
oyintandokazi, uSisipho.
Uphinde abe umngani wami omkhulu.
Yena usuku lwakhe lokuzalwa luzofika
ngoMandulo.

Kazi umama uzongiphekela yiphi
inkukhu? Ngiyethemba kuzoba yile
ekhuluphele.





“Zingisile, iyiphi ingxenye
yendaba oyithande
kakhulu?” kubuza
uNkk Mkombe.





“Isijingi!” kumemeza mina,
ngisazicabangela
izinyoni zami.
Bonke abangani bami
bayahleka.







Lapho ngifika ekhaya, uLuhambo
weneme kakhulu. Yena usagubhe
usuku lokuzalwa olulodwa kuphela,
mhla zingama-28 kuMbasa.





Mina manje sengibe nezinsuku
zokuzalwa ezinhlanu!







Buka nje konke lokhu kudla!
UMama wenze ukudla
engikuthandayo – isipinashi
nommbila kanye nesijingi
nomhluzi kanye nesinkwa sakhe
esikhethekile. Konke kwenziwe
ngokudla okuvela engadini yethu.







“Mini emnandi kuwe, Zingisile!
Mini emnandi kuwe, Zingisile!
Uneminyaka emingaki manje?”





“Ngineminyaka emihlanu manje!”
Ngiyaphendula nami ngicula.
UBaba uyangiqukula angijikelezise.

“Zing-star wami!
Usumdala kakhulu sekusele
kancane ube nguthisha!”





UMama ungivumela ngikhethe
ucezu lwenkukhu olukhulu kunazo
zonke. Uphakela mina kuqala.

Ngicobhoza isinkwa sami
esimnandi emhluzini wami bese
ngiyamamatheka.
Sengilangazelele usuku lwami
lokuzalwa olulandelayo!







